**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO ESAHLUMBE MHLAKA 26 MARCH 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ngomhlaka 16 March 2008, njengoMnyango wezokuThutha esifundazweni sijube ithimba elizocwaninga lenze umbiko mayelana nesidingo sebhuloho emfuleni uThukela ngasesikoleni iThuthukani Primary School endaweni yaseSahlumbe.

- Isidingo sebhuloho bese sizwakaliswe yiziphathimandla zendawo nangemithombo yezindaba, eveze indlela eziwela ngayo izingane zesikole zisebenzisa amashubu emfuleni uThukela.

- Namhlanje sesifikile sizohlaba isoyi njengophawu lokuqala komsebenzi wokwakha ibhuloho lomfula uThukela. Leli bhuloho lezimoto elingu-160m ubude lizokwakhiwa ngesamba esibalelwa ku-R22 million. Kuzophinda kube no-R2 million wokwakha umgwaqo wokuxhuma ebhlohweni nhlangothi zombili, bese umsebenzi usuwonke ube ngu-R24 million.

? Nakuba bekungakaze kubikwe zigameko zabantu abadliwe izingwenya, umphakathi wendawo usuke wazibona izingwenya kulo mfula. Njengamanje uma kuyizikhathi zezimvula, abafundi baba nenkinga yokuwela uThukela abanye baze bakhethe izindlela eziyingozi zokusebenzisa amashubu.

? UMnyango uthole ukuthi babalelwa ku-200 abantu abawela kulo mfula, kanti kusuka ngonyaka ka-2000 sekuminze abantu abayisikhombisa abebezama ukuwela lo mfula ngale ndlela.

? Njengamanje, umgwaqo uD1275 uyaphela uma uqeda kudlula iThuthukani Primary School. Ukwakhiwa kwebhuloho kuzoxhumanisa imiphakathi ezinhlangothini zombili zomfula bese kuvuleka namathuba ezonotho emphakathini.

? Leli bhuloho lizophinda lenze lula ukufinyelela eSahlumbe High School nasemtholampilo waseSahlumbe. Lizophinda lisize imiphakathi ehlala enhla nomfula ukuthi ifinyelele ezithuthini zomphakathi

? Njengomgomo kahulumeni wethu, okunye okubalulekile ekwakhiweni kwaleli bhuloho ngukuthi kuzokuba nenzuzo kwezomnotho emiphakathini elakhelwe wona. Sisho ngoba osonkontileka abazosebenza kuzomele bathole zonke izinto zokwakha kosomabhizinisi bendawo baqashe ochwepheshe, esithi ama-artisan nabasebenzi bakhona emiphakathini eseduzane.

? Ucwaningo olwenziwe phambilini luveze ukuthi sidinga amabhuloho okuwela ngezinyawo angu-146, kodwa uMnyango wezeMfundo wengeza ayikhulu ngaphezulu okwenza abe ngu-246 amabhuloho adingeka esifundazweni.

- La mabhuloho adingeka ukuze asize izingane zethu zesikole ezihlale zibeka izimpilo zazo engozini ngokuwela imifula egcwele uma ziya esikoleni ngezikhathi zasehlobo.

- Ngonyaka wezimali ka-2006/7, sakhe amabhuloho angu-14 ezinyawo ngesamba sika-R38 million; sakha ayishumi ngalo nyaka esiwuphethayo ka-2007/8 ngesamba sika-R45 million kanti kulo nyaka ozayo ka-2008/9 sizokwakha amabhuloho angu-13 ngesamba sika-R48 million.

- Siyazi ukuthi kukhona abathi sihlale sihlaba amasoyi, mhlambe ukuze siziqoqele amaphuzu kwe zepolitiki. Kodwa ngicabanga ukuthi yibona kanye labo abazama ukuqoqa amaphuzu kwezepolitiki ngokudukisa abantu bakithi akade bayilinda le ntuthuko ngoba siyazigcina thina izithembiso zethu.

- Ngifuna ukugcizelela ukuthi lena yimisebenzi yomphakathi kungakhathalekile ukuthi ngowaliphi iqembu lepolitiki. Ngakho-ke nginxusa nani njengomphakathi ukuthi ningavumi ukusetshenziswa ngosopolitiki nezisebenzi zikahulumeni ezisebenzisa ubuthaka benu ukuzihlomulisa zona kwezepolitiki.

- Njengohulumeni sizohlale senza konke okusemandleni ukusiza imiphakathi yethu kulezo zinselelo ebhekene nazo ezindaweni zayo. Kodwa nginxusa ukuthi nisebenzise izinhlaka ezisemthethweni esizibekile ezigabeni zikahulumeni zontathu.

- Phela akuqali ukuthi kube nohulumeni emlandweni weNingizimu Afrika neKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu bakithi baqala manje ukubona uguquko ezimpilweni zabo olulethwa yizinhlelo zikahulumeni wethu wentando yeningi.

**Ngiyabonga**